



Vuk'uzenzele

Niyethulelwa wuPhiko likaHulumeni Lwezokuxhumana kanye Nokuhlinzeka Ngolwazi (GCIS) isiZulu/English

UMBASA 2016 Ushicilelo 1



I-Diepsloot
ithola isiteshi
samaphoyisa
esisha ceke

Ikhasi 7



Izigidigidi
eziyi-R7 zabelwe
ingqalasizinda
yesikhumulo
semikhumbi

Ikhasi 11

INEZIKHANGISO
ZEMISEBENZI

Yenza izwi lakho lizwakale

Ongezwa Manyathi

Abantu baseNingizimu Afrika abafanelekile ukuvota bazophinda futhi bathole elinye ithuba lokwenza lokho okuyilungelo labo ngokomthethosisekelo, ngokuthi bavote oKhethweni Lohulumeni Basekhaya Lowezi-2016 oluzayo.

Ngokuvota okhethweni, abantu baseNingizimu Afrika bazobe bengaqinisi umbuso wentando yeningi labantu nje kuphela, kodwa futhi bazobe behkombisa ukuba yizakhamuzi ezikhuthele ngokuthi bakheth abaholi abathandwa yibona, abazolekelela ekwenzeni ngcono izinga lempilo yabo.

Leso siphambano (u-X) sakho esibaluleke kakhulu ozosibeka ephepheni lokuvota sidlala indima enkulukazi ekuqinisekiseni ukuthi amakhansela ezigceme ayazigcina izibopho zawo futhi ayaphendula ngomsebenzi awenzile, futhi lokho kuyaqinisekisa ukuthi omasipala babuyela emasisweni ngokuthi bahlinzeke abahlali ngezidingo-ngqangi ngendlela efanelekile.

Ukuze umbuso wentando yeningi labantu wezwe lethu uqhubeku nokuba ngonohlonze futhi oqinile, kumele abantu baseNingizimu Afrika babambe iqhaza oKhethweni Lohulumeni Basekhaya Lowezi-2016.

Ukuthola ithuba lokuvota kusho ukuthi abantu baseNingizimu Afrika bayakwazi ukwenza izwi labo lizwakale. Kepha lokhu ngeke kwenzeke uma abantu bengenzi isiqiniseko sokuthi amagama abo akhona ohlwini lwabavoti ngaphambi kokuba luvalwe.

Abavoti abafanelekile babhalisa kanye kuphela, ngaphandle uma esikhathini esifushane esedlule bethuthile lapho bebehala khona noma uma isiguqukile imingcele yesifunda sokhetho abahlala kusona. Lokhu kusemqoka kakhulu ngoba kunabantu baseNingizimu Afrika abanangi abangenalo ulwazi lokuthi izigceme zabo ziguqukile kamuva nje.

Enkulumweni yakhe Echaza Isimo Sezwe, uMongameli Jacob Zuma wanxusa bonke abavoti baseNingizimu Afrika ukuba babhalisele ukhetho.

"Ngifisa ukuhlaba ikhwelo eliqondiswe kuzo zonke izakhamuzi ezifanelekile ukuvota, ukuba ziphume ngothi lwazo zivakashele kwizifunda zazo zokhetho kanye neziteshi zokuvota ukuze zibhalise noma zihlinzeke ngemininingwane yazo yakamuva, ukuze zilungele le nqubo yentando yeningi labantu, esemqoka kangaka," kusho yena.

Bayizinkulungwane ngezinkulungwane abantu baseNingizimu Afrika abasabela kuleli khwelo ngempelasonto yokuqala yokubhalisela ukhetho ngoNdasa. IKhomishana Yakhetho Ezimele (i-IEC) isimemezele ukuthi impelasonto yokugcina yokubhalisela ukhetho izoba mhla ziysi-9 kuya kumhla ziysi-10 kuMbasa 2016.

Bangaphezu kwezigidi ezintathu abantu baseNingizimu Afrika abavakashela izikhungo zabo zokuvota ngenhlosi yokuyobhalisela ukhetho, noma ukubhalisa kabusha, noma ukuhlinzeka ngemininingwane yabo yakamuva. USihlalo WeKhomishana Yakhetho Ezimele, uMnu Glen Mashinini, wathi isibalo sabavoti abavakashela izikhungo zabo zokuvota siphindaphindwe kabiila uma siqhathanisa nesempelasonto yokuqala yokubhalisela ukhetho Lomasipala Lowezi-2011.

Lokhu kubonisa ngokusobala ukukhula kwesibalo sabantu ababhalisele ukhetho ngama-23% uma kuqhathanisa nempelasonto yokubhalisela ukhetho yokuqala yoKhetho Lukazwelone Nolwezifundazwe Lowezi-2014.

"Lokhu kuyinto enhle kakhulu futhi eqinisa idolo ngoKhetho Lomasipala Lowezi-2016 oluzayo kanye nezinketho ezizobanjwa esikhathini esizayo," kusho uMashinini.

Nakuba isidlulile impelasonto yokuqala > **Iqhube ka ekhasini lesi-2**

Uhulumeni
wasekhaya
usezandleni
zakho!

Bhalisela
ukuvota!

9 - 10 Mbasa 2016

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

The advertisement features a large graphic of two hands holding South African National Identity Cards (NICs). One card is green and the other is white. The text "Uhulumeni wasekhaya usezandleni zakho!" is written in large, gold-colored letters across the top. Below it, the words "Bhalisela ukuvota!" are displayed in large white letters on an orange background. At the bottom, the date "9 - 10 Mbasa 2016" is shown. The Republic of South Africa crest is visible at the bottom right.

UHULUMENI WASEKHAYA

Rirhandzu Nkombyani

Khona maduze nje, abahlali bezigodi ezingaphansi kukaMasipala waseMogalakwena bazoba ngabanikazi bezindlu eziseqophelweni eliphezulu.


Imindenengama-60 ehlala esigodini saseGa-Hlako kanye nesaseTaueatsoala kuMasipala waseMogalakwena, ongaphansi kuMasipala Wesifunda sase-Waterberg izohlolula emkhankasweni woMnyango Kazwelone Wezokuhlaliswa Kwabantu owenziwa minyaka yonke, obizwa ngoMkhankaso Wabesifazane Emkhakheni Wezokwakha.

UMkhankaso Wabesifazane Emkhakheni Wezokwakha uyingxene yeMklamo we-Letsema okuhloswe ngawo ukwakhela labo abadinga ukubhekelewa kakhulu izindlu, okusho, abantu asebekhulile, abesifazane, abantu abanokukhubazeka kanye nezingane.

Lona ngumklamo wobambiswano phakathi koMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, iNhlangano Yabesifazane Emkhakheni Wezokwakha yaseNingizimu Afrika kanye nezinhlaka eziyingxene yalo mkhakha futhi usingathwa minyaka yonke esifundazweni esisodwa noma ngaphezulu, ngenhlosu yokuguba iNyanga Yabesifazane.

Umkhankaso Wabesifazane Emkhakheni Wezokwakha wasungulwa ngowezi-2006 futhi sewakhe izindlu ezicishe zifinyelele kuma-500 ezwensi lonkana kusukela ekusungulweni kwawo.

Ngenkathi ekhulumu emcimbini walo



Abahlali besigodi saseGa-Hlako kanye nesaeTaueatsoala eLimpopo bakhelwe izindlu eziseqophelweni eliphezulu abazohlala kuzona neminden yabo.

Mkhankaso, wokwakhiwa kwezindlu nokuphendulwa kthesoyi owawubanjewi esigodini saseTaueatsoala, iPhini likaNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu u-Zou Kota-Fredericks wathi lo mklamo ukhombisa kahle kamhlophe ukuthi uhulumeni, ezigabeni zakhe zontathu, uzimisele ukuhlinzeka abantu baseNingizimu Afrika ngezindlu eziseqophelweni eliphezulu.

"Okusemqoka kakhulu ngalo Mkhankaso ukuthi kunobambiswano olucae bha phakathi kukahulumeni, izinkampani ezizimele kanye nezakhamuzi zakuleli ezibhukulile zafaka igalelo lazo elikhulukazi futhi zanikela nangesikhathi sazo ngenhoso yokuqinisekisa ukuphumelala kwalo mklamo," kusho iPhini likaNgqongqoshe u-Kota-Fredericks.

iPhini likaNgqongqoshe u-Kota-Fredericks lathi uMnyango uyazi ukuthi indawo yaseTaueatsoala ingaphansi kukaMasipala obhekene nezinselelo ezithile.

Waqinisekisa umphakathi ukuthi ikhona imizamo eyenziyayo ukuthola ikhambi lalezi zinselelo futhi uhulumeni wenza konke okusemandleni akhe ukuthola isixazululo.

"Kuyintokozo kimina ukuzwa ukuthi iningi lezigodi zaseTaueatsoala selinawo ugesi futhi kunabantu, ngokulekelewa uhulumeni, abahlanganile basungula umfelandawonye wokuhiqiza amaqanda, iphepha lasendlini yangasese, izinsiza zabesifazane uma beseskathini kanye neminye imikhiqizo.

UNgqongqoshe Wesifundazwe (u-MEC) saseLimpopo Wezokubusa Ngokubambisana, Ukuhlahlisiswa Kwabantu kanye Nezindaba Zendabuko, uMakoma Makhurupetje wathi umnyango wakhe uzbophezele ekuqinisekiseni ukuthi abesifazane bayafukulwa, bathuthukiswe futhi lokhu kuyinto ecace bha esibalweni semiklamo yokwakhiwa kwezindlu enikezezinkampani zokwakha zabesifazane kusukela ngowe-1994.

"Ngonyaka-mali odlule kanye nalona esiwuphethe, isifundazwe saseLimpopo sabele izinkampani zabesifazane eziyi-12 imiklamo yokwakhiwa kwezindlu eziyi-5900, yenani elibalela kumarandi ayizi-507 123 551. Ukuzbophezela kwethu kubonakala ngokucacile kwisibalo samathuba okuthola izindlu esiwavulele imiphakathi. Angapezu

kwezigidi ezingu-3.3 amathuba okuthola izindlu esiwavule ngaphansi kohlelo lukahulumeni lomxhaso wezindlu," kusho u-MEC uMakhurupetje.

UKWAKHIWA KWEZINDLU EZISE-QOPHELWENI ELIPHEZULU

Omunye othole indlu ngaphansi kwalo mklamo ngu-Joyce Ramashala (oneminyaka engama-58) wasesigodini saseGa-Hlako, ngaphansi kukaMasipala wase-Mogalakwena.

Impilo beyingumqansa kakhulu kuRamashala nomndeni wakhe, ochithe iminyaka eminingi ehlala emjondolo ogugile onamakamelo amabili. Isikhathi sasehlobo besinzima kakhulu kulo mndeni ngenxa yokuna kwezimvula.

Akakwazanga ukuzibamba nokufihla injabulo yakhe ngenkathi iPhini likaNgqongqoshe u-Kota-Fredericks kanye no-MEC uMakhurupetje bevakashele ekhaya lakhe.

"Ngiswele ngisho amazwi, angazi ukuthi ngithini. Ngithokoze kakhulu njengoba sesizoba nekhaya okungelethu. Indlu izobuya isithunzi sethu," kusho yena.

Omunye ohlomule ngendlu nguCatherine Moreana (oneminyaka engama-70) ohlala emjondolo onamakamelo amabili, lapho ehlala khona nabantu abayisikhombisa abondliwa nguyenya. Lo mklamo wezindlu usuyiguquilile impilo yakhe kanye neyomndeni wakhe.

***U-Rirhandzu Nkombyani usebenzela uHulumeni Wesifundazwe saseLimpopo.**

Iqhube ka isuka ekhasini loku-1

yokubhalisela ukhetho, sisekhona isikhathi kanye nethuba lokubhalisa. Abavoti abafanelekile, abangakalubhaliseli ukhetho noma labo abafuna ukuhlola iminininingwane yabo, basenalo ithuba lokufaka izicelo zabo zokubhalisela ukhetho, ngezikathini zomsebenzi, emahhovisi eKhomishana Yakhetho Ezimele endaweni yangakubo noma babhalise ngezinsuku ezikhethekile ezibekelwe ukubhalisa.

Labo abafisa ukuyobhalisa emahhovisi eKhomishana Yakhetho Ezimele kumele bafone kuqala ngaphambi kokuba bavakashele lapho ukuze banikezwe usuku nesikhathi okumele bafike ngaso. Lokhu kungenxa yokuthi uma sekusondele uSuku Lokhetho abasebenzi bokhetho bavamise ukungatholakali emahhovisi abo ngenxa yokuthi kumele bavakashele imiphakathi beyfundisa ngokuvota.



umbuso wethu wentando yeningi labantu uhangabezana nezinselelo ngezikathini ezithile, lokho akusho ukuthi ayikho inqubekelaphambili eseyenziwe kusukela ngowe-1994.

UBANI ONGABHALISA?

Ukuze ukwazi ukubhalisa kumele ube yisakhamuzi saseNingizimu Afrika; okungenani ube neminyaka yobudala eyi-16 (kodwa uzovumeleka kuphela ukuvota uma usuneminyaka yobudala eyi-18); futhi ube nomazisi oluahlaza onamagabelo; noma umazisi oyikhadi; noma isitifiketi esingumazisi wesikhashana (i-TIC).

Aba f a k i z i c e l o zokubhalisela ukuvota kudingeka futhi bahlinzeke ngekheli lalapho behlala khona, elisesfundeni sokuvotela ababhalise kusona.

Uma abavoti bengenalo ikheli eliqondile kudingeka ukuthi banikeze iziphathimandla zokhetho iminininingwane eyanele yalapho behlala khona ukuze kuqinisekiswe ukuthi babhalisela ukuvota esifundeni sokhetho esifanelekile.

NGIBHALISA KUPHI FUTHI NINI?

Kumele ufonele ihhovisi le-IEC endaweni yangakini ukuze unikwe usuku nesikhathi okumele ufiye ngaso uzobhalisela ukhetho, ngezikathini zomsebenzi, esifundeni sokuvotela endaweni yangakini.

KUSUKE KWENZENJANI LAPHO KUDINGEKA UKUBA NGIBHALISE KABUSHA?

Kumele ubhalise kabusha uma:

- selishintshile ikheli lakho lasekhaya
- i-IEC ikwazisa ukuthi seyiguqukile imingcele yesifunda sakho sokuvotela.

Ngizokwazi kanjani ukuthi ngempela ngibhalisile nokuthi ngibhalise kuphi? Ungayihlola iminininingwane yakho yokubhalisela ukhetho, ngokuthi:

- uthumele inombolo kamazisi wakho nge-SMS kule nombolo 32810 (i-SMS ngayinye ibiza R1.00)
- uhlole iminininingwane yakho yokubhalisa nge-inthanathi

ku-www.elections.org.za

- uhlole iminininingwane yakho esikhungwene sakho sokuvota ngempelasono yokubhalisela ukuvota (mhla ziysi-9 kuze kuge ngumhla ziysi-10 Mbasa 2016)
- uhlole iminininingwane yakho ehhovisi le-IEC endaweni yangakini ngezikathini zomsebenzi.

UKUFAKWA KWESICELO SEVOTI ELIKHETHEKILE

Ivoti elikhethekile livumela umvoti obhalisiwe, ongakwazi ukuyovota esikhungwene sakhe sokuvota ngeLanga Lokhetho, ukuba akwazi ukufaka isicelo sokuvota ngosuku olunqunyiwe ngaphambi kokufika kweLanga Lokhetho. Kepha-ke akubona bonke abantu abafanelekile ukuthola ivoti elikhethekile. Labo abafisa ukufaka isicelo sevoti elikhethekile kumele babe nalokhu okulandelayo:

- kumele babe ngabavoti ababhalisiwe
- kumele babe nomazisi oluahlaza, onamagabelo; umazisi oyikhadi; noma isitifiketi se-TIC esisemthethwene (faka isicelo sakho sokuhlinzeka ngalesi sitifiketi emahhovisi oMnyango Wezasekhaya)
- futhi kumele bahlangabeanie nemibandela yohlobo lokhetho abalubhaliselayo.

Ungasifaka isicelo sevoti elikhethekile uma ungakwazi ukuya esikhungwene sakho sokuvota ngenxa yokugula, ukukhubazeka noma ukukhulewa; noma ungakwazi ukuyovota esikhungwene sakho sokuvota ngeLanga Lokhetho.

Cindezela u- "Like" kwikhasi lika-[Facebook](#) leKhomishana Yakhetho Ezimele (IECSouthAfrica) noma ulandele i-IEC [ku-Twitter](#) (@IECSouthAfrica) ukuze uthole ulwazi lwakamuva mayelana nezi nsuku okuzobanwa ngazo impelasono yokubhalisela ukhetho.

NGIVOTA NINI?

Ngokulayela komthetho, amavoti akhethekile kumele enziwe kuphela ngosuku noma ngezinsuku ezibhalwe kuhlelo-sikhathi lokhetho futhi aekho umuntu ozovunyelwa ukuvota ngosuku olungabaliwe lapha.

Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa noma una unemibuzo mayelana nokhetho fone-la i-IEC kule nombolo: 0800 11 8000. Isikhungo sokuxhumana nabavoti sivuliwe ngoMsombuluko kuze kuge uLwesihlanu, kusukela ngehora lesi-7 ekuseni kuze kuge yihora lesi-9 ebusuku.

Izigidi ngezigidi zabantu zivakashela izikhungo zokubhalisela ukhetho

Priscilla Khumalo

Bangapezu kwezigidi ezintathu abantu abavakashela izikhungo zokubhalisela ukuvota ezweni lonkana ngempelasono yokubhalisela ukuvota esikhathini esifushane esedlule. Kubantu abayizi-3 097 194 abavakashele izikhungo zokubhalisela ukuvota bayizi-692 730 abebthalisa okokuqala, bese kuthi abayi-1 086 958 kuge ngabantu abebthalisa kabusha, kanti abayi-1 317 506 bona bebefuna ukuqinisekisa iminininingwane yabo yokubhalisela ngezininingwane yabo yakamuva esifundeni sokuvota esifanayo.

Abantu abasha basukumele phezulu njengoba abantu abayizi-544 552 abebthalisa okokuqala ngqa kungabantu abaneminyanga yobudala engaphansi kwengama-30.

Kulaba abebthalisa okokuqala, cishe abangama-54% bekungabesifazane. Lokhu kubonakale kuzo zonke izifundazwe ngaphandle kwsifundazwe saseNyakatho Kapa lapho isibalo sabantu abebthalisa okokuqala sicsishe salingana nciamashi phakathi kwabesifazane nabesilisa.

Isibalo sabantu ababhalise okokuqala esifundazweni saKwaZulu-Natali kanye naseGauteng silinganisela kwsigamu sabantu ababhalisele ukhetho okokuqala ezweni lonkana, njengoba abangama-24% beKwaZulu-Natali kanti eGauteng khona bangama-22.5%.

***Imibhalo engeziwe ivela kwiKhomishana Yakhetho Ezimele.**

INTSHA KUMELE IBHALISE FUTHI IVOTE

Njengoba leli lizwe lizobe liqopha iminyaka engama-40 yemibhikisho yaseSoweto yowef-1976, kungaba kuhle kakhulu ukuba intsha iphume ngothi lwayo ukuze ivote futhi ibe nezwi kwingomuso layo. Isizukulwane sabantu abasha esikhona njengamanje kumele sithole ugqozinofuqfuqf entsheni yowef-1976 futhi kumele intsha ihambhe phambili emizamweni yokuqinisekisa ukuthi leli lizwe liba nengomuso eliqhakazile.

Banangi abantu abalahkelwa yizimpilo zabo ukuze bonke abantu baseNingizimu Afrika bakwazi ukuphila ngokukhululeka, ezweni elibuswa ngentando yeningi labantu. Nakuba

Bhalisela ukuvota!



Uhulumeni wasekhaya usezandleni zakho!

9 - 10 Mbasa 2016



REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

I-Diepsloot ithola isiteshi samaphoyisa esisha ceke

Noluthando Mkhize no-Edwin Tshivhidzo

Ekugcineni, sesivuliwe iSiteshi Samaphoyisa sase-Diepsloot ebesselindelwe ngabomvu, esakhwe enyakatho yedolobha laseGoli, futhi kulindeleke ukuba lesi siteshi sibhekane ngqo nobugebengu kule ndawo.

Le siteshi sivulwe ngokusemthethweni nguNgqongqoshe Wezamaphoyisa uNkosinathi Nhleko, onxuse umphakathi ukuba uvikele abesifazane nezingane futhi usebenzise izinhlaka zamaphoyisa ezikhona kule ndawo ukulwisana nesihlava nobugebengu.

"Intuthuko iyafika uma kunokuthula... Futhi kuyinto esemahlombe emiphakathini ukuqinisekisa ukuphepha kwayo. Kumele sibambisane sonke empini yokulwisana nobugebengu," kusho yena.

UNgqongqoshe wadlulisela futhi nezimota ezintsha ezingama-21 ezandleni zalesi siteshi ngenhoso yokuqinisa impi yokulwisana nobugebengu.

Uhulumeni usebenzise imali engaphezu kwezigidi eziyi-100 zamarandi emsebenzini wokwakha lesi siteshi samaphoyisa, owaqala ngowezi-2008.

Umsebenzi wokwakha lesi siteshi uvule amathuba omsebenzi ayi-145 kumalungu omphakathi aqashwe njengabasebenzi abenza imisebenzi ehlukahlukene kulo mklamo, futhi kuqeqeshwa nentsha engama-200 emikhakheni ehlukahlukene yeziqwakha, ngaphansi koHlelo Olunwetshiwe Lwemisebenzi Yomphakathi kanye Nohlelo Lukazwelone Olubhekelela Intsha Ngezinsizakalo.

UKUVIKELWA KWABANTU BASE-DIEPSLOOT

Kulo mcimbi wokwethulwa ngokusemthethweni kwsiteshi samaphoyisa kwabe kukhona futhi neBamba likaKhomishana Wamaphoyisa Kazwelone u-Lieutenant-General Johannes Phahlane, wathi isiteshi samaphoyisa esisebenza kahle siyinto esemqoka kunoma imuphi umphakathi.

"Thina njenge-SAPS, kusithokozise kakhulu ukuba sakhelwe lesi siteshi esizoba wusizo olukhulu kinina, futhi esizokwenza ukuba sikhazi ukubasebenza kahle abantu base-Diepsloot futhi sibavikele."

"Zonke izinsiza-kusebenza ezifakwe kulesi siteshi samaphoyisa zizosetshenzisa ngendlela efanelekile futhi ngokuphelele ukube sikhazi ukulwisana nobugebengu," kusho yena.

U-Lieutenant-General Phahlane wengeza ngokuthi amaphoyisa kumele aphendule ngalokho akwenzela abantu abasebenzelayo. Wagcizelela ukabaluleka kobambisano oluqinile phakathi kwamaphoyisa nomphakathi.

Wathi iNingizimu Afrika iheha abantu abanhlobonhlobo abathutheleka edolobheni laseGoli ngenhoso yokwenza ngcono izimpilo zabo.

"Abantu abavela kwezinye izifundazwe zakuleli, kanye nasemazweni angomakhe-Iwane bethu imbala, bathutheleka ngezinkani kwaNdonga Ziyaduma, idolobha eliyisizinda sezomnotho sase-Afrika."

"IDiepsloot, njengeminye imiphakathi eyakhelene nayo, inesiminyaminy sabantu esikhulu futhi abanye bagcina sebengene esilingweni nobugebengu, utshwala kanye nokuxhashazwa kwezidakamizwa, futhi esikhathini esiningi lokhu kuhambisana nezenzo ezingalungile neze njengokubulawa kwabantu, ukuzama ukubulala, ukuhlasewa kwabantu kanye nokudlwengula. Ngifuna ukugcizelela ukuthi sizosiqinisa kakhulu isandla ngenkathi silwiana nezenzo ezinjalo."

Wathi kusemqoka kakhulu ukubhekana ngqo nobugebengu, nemigulukudu eqhuba ibhizinisi lezidakamizwa, nenkohlakalo kanye nezelelesi.

"Sizoqhubeka nokuwathathela izinya-thelo eziqinile amalungu ombutho wethu asebenzisa ibheji yamaphoyisa ehloniheke kangaka ukwenza izinto eziphambene nalokho okuwuphawu Iwayo. Siyawunxusa umphakathi ukuthi ubike nanoma iziphi izenzo zokuphulwa komthetho."

U-Jonathan Sathege ongumhlali wase-Diepsloot owafika ezozibonela ngawakhe ukuvulwa ngokusemthethweni kwsiteshi samaphoyisa, watshela i-Vuk'uzenzele ukuthi usezizwa ephophile njengoba sekuphuthuliwe ukwakhiwa kwsiteshi samaphoyisa.

"Sisithokozela kakhulu lesi siteshi samaphoyisa esisha ngoba siseduze kakhulu kwamakhaya ethu futhi lokhu kuzozifaka itwetwe izelelesi," kusho yena.



UNgqongqoshe Wezamaphoyisa uNkosinathi Nhleko (phezulu, phakathi nendawo) kanye neBamba likaKhomishana Wamaphoyisa Kazwelone u-Lieutenant-General Johannes Phahlane bavula ngokusemthethweni iSiteshi Samaphoyisa sase-Diepsloot.



UKUHLINZEKA NGQO KWEZI-NSIZAKALO EMPHAKATHINI

Kusukela ngowezi-2014, i-SAPS ibisem-khankasweni wokuvuselela nokuhlela kabusha iziteshi zamaphoyisa ngokusebenzisa uhlelo lokuHlinzekwa Ngqo Kwezinsizakalo Emphakathini (i-FSD).

"I-FSD wuhlelo olusungulwe nguhulumeni futhi iqhotshwa yiHovisi likaMongameli ngenhoso yokuqinisekisa ukuthi siyayi-hlonipha imigomo ye-Batho Pele, okuhloswe ngayo ukubeka abantu phambil. Kulokhu-ke, asigcanga nje kuhela ngokwenza ngcono indlela ezbukeka ngayo izikhungo zethu, kodwa futhi siwaqeqeshile namalungu ethu ukuze aphucule indlela aziphethe ngayo futhi asebenza ngayo uma ehlizeka ngosizo kubantu abavakashela noma abafonela iziteshi zethu," kusho u-Lieutenant-General Phahlane.

Wengeza ngokuthi lolu hlelo Iwenzelwe ukuqinisekisa ukuthi amaphoyisa awenza ngobunyoninco umsebenzi wawo.

"Sesiwubonile umehluko. Sekune-nqubekelaphambili ephawulekayo eziteshi zamaphoyisa ezahlukahlukene ezisebenzisa

uhlelo lwe-FSD, eseziyuseleliwe noma eseziyuliwe. Sesibonile ukuthi abantu sebefinyelela kalula eziteshini zamaphoyisa, sabona futhi nokuthi bamukelwa ngezandla ezifudumele uma befika lapho, sabona nokusungulwa kobudlelwano nabo bonke abantu abathintekayo kanye nobudlelwano obuqinile phakathi kwamaphoyisa nomphakathi."

Ngokusho kukaKhomishana Wamaphoyisa Kazwelone, lawo malungu e-SAPS azohlinzeka umphakathi ngosizo azoqinisekisa ukuziphatha ngendlela efanelekile, futhi enze umsebenzi wawo ngobunyoninco nanghenloniph.

"Masibuqede nya ubugebengu, futhi kumele thina sonke ngokubambisana sizibuyisele ezandleni zethu izitaladi esihlala kuzona, ukube sikhazi ukukhulisa izingane zethu, eziqoba ngaboholi bangomuso, endaweni yase-Diepsloot ephophile futhi engcono kakhulu kunakuqala."

UNGqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uThulas Nxesi, naye owabe ekhona kulo mcimbi, wanxusa umphakathi ukuba uzinakekele izikhungo zomphakathi njengoba zakhelwe ukusiza umphakathi.

Ukulwisana nobugebengu nenkohlakalo

Dorris Simpson

UMongameli Jacob Zuma usemememezele izinyathelo zokwandisa imizamo yokulwisana nobugebengu nenkohlakalo.

Empendulweni yakhe eyabe iqondiswe kwinkulumo-mpikiswano yeNkulumo Echaza Isimo Sezwe, uMongameli wathi uhulumeni uyayiqinisa imithetho futhi uyaqhube ka nokuuthatha izinyathelo ezingala zokunqanda ubugebengu nenkohlakalo.

"Ngonyaka-mali odlule, uPhiko Lokudliwa Kwempahla (i-AFU) Iwenzelwe umsebenzi omningi omuhle," kuphawula yena.

Lolu phiko lupothule ngempumelelo amacala okudliwa kwempahla angama-463 alinganisela kwizigidigidi ezimbili zamarandi futhi lupothule nemiyalelo engama-342 yokubanjwa kwempahla elinganisela kwizigidigidi zamarandi ezingu-2.8.

"Isamba semali eyizigidigidi zamarandi ezingu-1.6 yabuyiselwa kwizisulu zogebengu," kusho uMongameli Zuma. Le mali itholakale emva kokuphenywa kwezenzo zenkohlakalo.

UMongameli wengeza ngokuthi imali eyizigidigidi eziyi-11 zamarandi yatholakala emacalen ayebekwe abasebenzi bakahulumeni abazibandakanye ezenzweni zenkohlakalo kanye nezinye izenzo zokuphula umthetho

ezihlobene nalokhu.

Wathi uMthethosivivinywa Wokuchibiyela Umthetho Wokudalulwa Kolwazi Okuvikele-kile wethulwa kwiSigungu Sikazwelone, ePhalamende, ngonyaka odlule.

"Injongo enkulu yalokhu ukuvikela izingede noma abantu abadalula ulwazi oluphathele nenhaklakalo ukube sibe sesimweni esingco-no sokulwisana nenkohlakalo futhi ukube lokho sikwenze ngempumelelo."

"UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Umthetho Wokudalulwa Kolwazi Okuvikele-kile wethulwa kwiSigungu Sikazwelone, ePhalamende," kusho uMongameli Zuma.

Ngalo Mthethosivivinywa Wokudalulwa kuhloswe ukwenza ngcono ukusebenza koMthetho Wokudalulwa Kolwazi.

Nezenzo Zenkohlakalo ukube kubekwane nezinselelo ezikhona futhi kuvalwe namagebe akhona njengamanje.

Omunye umthetho omusha ozokwethulwa nguMthethosivivinywa Wamacala Obugebengu Obenziwa nge-Inthanethi kanye



Ukulumeni uzimisele ukulwisana nobugebengu nenkohlakalo kuleli.

Nezindaba Ezhlobene Nalokho, okulindeleke ukuba wethulwe ePhalamende ngesigamu sokuqala sonyaka wezi-2016.

Ubugebengu be-inthanethi buchazwa njengesenco sobugebengu esenziwa ngekompyutha kanye ne-Inthanethi.

IZINTSHA EZIZOKWENZA EMBUTHWENI WAMAPHYOISA ASENINGIZIMU AFRIKA

Sisephezu kwezindaba eziphathelene nezokuvikeleka, uMongameli usemememezele izinto ezimbili ezizokwenzeka eMbuthweni Wamaphoyisa aseNingizimu Afrika.

"Njengengxene yohlelo Iwe-Masibuye Emasisweni, iHovisi likaNgqongqoshe Wezamaphoyisa lizosungula izimpiko ezintsha ezikhethekile ezizobekana ngqo namacala ezidakamizwa kanye nama-nye ahlobene nalokho, enzeka phakathi kwaleli namazwe angaphandle, namacala ezocansi kanye nokukhula kwesibalo sezibhamu ezingekho emthethweni ezisemphakathini wethu."

UMongameli wathi lezi zimpiko ezimbili, uPhiko Lukazwelone Lokulwisana Nezidakamizwa kanye noPhiko Lukazwelone Lokulawu-

Iwa Kwezibhamu Ezingekho Emthethweni Nokulwisana Namacala Obugebengu Obubonduvlo Abekwe Eqhulwini.

Lezi zimpiko ezimbili zizongena ngaphansi koPhiko Lokuphenywa Kwamacala Abekwe Eqhulwini, oludume ngoKlebe.